



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2022

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½



Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Le Nto Engayibona Yashintsha Impilo Yami. [50]
- 1.2 Uthando Lweqiniso. [50]
- 1.3 Ungavumeli Imuva Lakho Livimbe Amaphupho Akho. [50]
- 1.4 Ukuzenza Umuntu Engingeyena Kwangivalela Amathuba Amaningi. [50]
- 1.5 Ukuzikhethela Isikhungo Semfundo Ephakeme Kungcono Kunokukhethelwa Ngabazali. [50]
- 1.6 Kungabe Ezokuxhumana Ziyawuhlanganisa Noma Ziyawuhlukanisa Umndeni? [50]
- 1.7 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.7.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]



1.7.2



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50



ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO**

UBanzi Msiza oneminyaka engama-20, ohlala e-655 Vumani Avenue, Ermelo, 2350, onesitifiketi sikamatikuletsheni, ubone isikhangisi esilandelayo esikhishwe i-Debonaires Pizza ephephandabeni iMpumalanga News ngomhlaka-5 Meyi 2022.

CORNER HOUSE PIZZA

Isikhala sokudiliva i-Pizza

Onesifiso sokufaka lesi sicelo makabe nalokhu okulandelayo:

- Isitifiketi sikamatikuletsheni.
- Ubulili besilisa noma besifazane.
- Umazisi waseNingizimu Afrika.
- Iminyaka ephakathi kwengama-20 kuya kwengama-25.
- Okwazi ukukhuluma isiNgisi.
- Izincwadi zokushayela isithuthuthu.

Thumela isicelo sakho kuMnu. Z Zuba (Imenenja) ingakapheli inyanga kaMeyi 2022.
Ikheli: 89 Zizi Road, Nelspruit, 1211

Bhala **ikharikhulamu vithaye (CV) kanye nencwadi eyisiphelekezelo** usebenzise imininingwane kaBanzi Msiza. [30]

2.2 **INDATSHANA/I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU**

Intsha yamanje isikhombise/isiveze amakhono ahluhlukenene engaziphilisa ngawo njengoba imisebenzi ingekho.

Bhala **indatshana/i-athikhili yephephabhuku** ngesihloko esithi: Ukugquzela Amakhono Kubantu Abasebasha. [30]

2.3 **INHLOLOKHONO/I-INTHAVYU**

Ubukade ufake isicelo somsebenzi wokuba ngumhlengikazi eGeneral Hospital. UNsumpa wesibhedlela uMnumzane Mafu ukubizile ukuba uzokwenza inhlolokhono yalo msebenzi.

Bhala **inhlolokhono/i-inthavyu** ephakathi kwakho noNsumpa wesibhedlela. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30



ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISO

Inkampani ekhiqiza insipho yokugeza ubuso yenze umkhiqizo omusha. Abaphathi benkampani babe sebekucela ukuthi wenze isikhangiso sale nsipho.

Bhala **isikhangiso** sensipho yokugeza ubuso esizoheha amakhasimende. [20]

3.2 UMYALEZO KAMAKHALEKHUKHWINI (SMS)

Umngani wakho ukuthumele lo myalezo olandelayo kumakhalekhukhwini wakho:

Khanyo Z

Hheyi mnga, ngiyabonga, umfwe2 unginikile ushokhole8 ongithengele wona. Sori ukuthi ngingafiki ukuzokubona oe ukuthi umah ungithume etawuni ngabuya leyt ngasaba ukuriska ebusuku.

22:15

Bhala **umyalezo kamakhalekhukhwini (sms)** uphendule umngani wakho. [20]

3.3 IMIYALELO

Ungumhleli wemicimbi enhlobonhlobo ('event organiser'). Elinye lamakhasimende akho likucele ukuba ulibhalele imiyalelo okumele liyilandele njengoba lizokwenza umcimbi wendodana ezobe igubha iminyaka yokuzalwa engama-21.

Bhala **imiyalelo** ozoyinika ikhasimende lakho. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100

